

DAILY MEDIA MONITORING 15 AUGUST 2018







UNIKSZ Lisa Mthethwa nodadewabo uNIkk Lona Mnguni beFrutee Bellies abadle umhlanganiso emkhakheni wabashintsha imikhiqizo kulokho esuke itshalwe iyilkho bayenze okunye, iTop Entreprenuer Processing, izolo eBallito bithombe 'GINA NINWAI AN



UNKSZ Thobile Mpontshana weMampontshi Farming and Fencing odle umhlanganiso ngesikhathi ulVinyango wezoLimo KwaZulu-Natal uklomelisa abesimame abavelele kwezolimo

Ugoduke noR425 000 ewina kowezolimo

PHILI MJOLI

GODUKE noR425 000 owesifazane wase Vryheid ongumlimi ophume phambili emncintiswaneni wokuchonywa uphaphe kwabesifazane abenza kahle emkhakheni wezolimo, ifemale Entreprepenta Awards

iFemale Entrepreneur Awards Lezi zindondo ezihlelwa uMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal ubuseBallito, izolo.

UNksz Thobile Mpontshane onepulazi lezingulube iMampontshi Farm and Fencing, akakholwanga ngesikhathi kumenyezela ukuthi nguye obashaye bonke emakhanda ekubeni kade esewine iminxa emibili, okuwumunxa wabalimi abalimela ukudayisa iTop Enteprenuer Commercial athole kuwo uR125 000, umunxa okhethwa ungqongqoshe, iMEC's Special Award, athole kuwo uR50 000. Ngemuva kokuqhathwa nabo bonke abawine eminxeni eyehlukene udle umhlanganiwo wabashaya bonke

emakhanda wathola uR250 000. UNksz Mpontshana oneziju zezokuwaksaha uthe washiya phansi umsebenzi endaweni yokulala eJozini ngemuva kokuthi inkampani eyayimqashile ithi izomehlisela umholo Ngabona ukuthi sekufana nokuhlala ekhaya ngashiya phansi. Ngaleso sikhathi ngangishadile umyeni wami engumlimi. Le mali eyenza ngosuku, wangigqugquzela ukuthi nami ngingene kulo mkhakha kodwa ngangifuna ipulazi lezinkomo ngoba ekhaya bezifuyiwe," kusho yena. Uqhube wathi akuhambanga

Uqhube wathi akuhambanga ngendlela ayehlele ngayo, wathola ipulazi lezingulube ngo-2014, aliqashe eMnyangweni wezeMihlaba.

"Ngifunde ngendlela ngilekelelwa abantu engisebenza nabo ngolwazi. Mina bengilokhu ngifunda kancane kancane.

"Namanje ngisafunda kodwa engikufundile ukuthi izingulube zithanda ukuthandwa, uma ufika egoqweni lazo uyaxoxa nazo njengoba wenza ezinganeni zakho" ehleka

UNkk Mpintshana udayisa izingulube ezingu-80 ezikhiqiza ubhekeni njalo



nezinkunzi eziyisithupha.

UNgqongqoshe walo mnyango uMnuz Themba Mthembu uthe u-43% wabesifazane abayibambe ishisa emkhakheni wezolimo emhlabeni, e-Afrika bawu-80% abasebenza kulo mkhakha, iningi labo ngabasemakhaya kodwa abanawo amandla okulawula umhlaba.

umhlaba.
"Njengoba kade kunezigcawu ezidingida udaba lokubuyiswa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo, bebeyingcosana abesifazane Abebeyingxenye yazo kodwa emasimini ufica kuvibona abaningi." kusho vena.

ufica kuyibona abaningi," kusho yena.
UNksz Bhekisephi Xulu osebenza
epulazini iChase Farm, eliseShowe
udle umhlanganiso emunxeni iBest
Farm Worker. UNkk Sizakele Zuma
uwine emunxeni wabalimela ukudla
iBest Subsistance Producer, emunxeni
wabalimi abasafufusa, iTop Entreprenue
Small Holder kuwine iMagema Fruit
and Vegetables Primary Co-op, kwiTop
Entreprenuer Processing, kuwine,
iFrutee Bellies esungulwe izelamani
zamaMthethwa uNksz Lisa Mthethwa
noNkk Lona Mnguni uMaMthethwa.
UNksz Mpontshana uzomela lesi

UNksz Mpontshana uzomela lesi sifundazwe emncintiswaneni ofanayo okuzobe kuqhathwe kuwo abesifazane